Uluhlu lwezehlakalo (Chronology)

*Engeza lawe

1790: Kuzalwa uMzilikazi kaMatshobana ngaseNdinaneni, eNgome.

1817: Kugcotshwa iNkosi uMzilikazi. Ngemva kwalokhu iyakhusela lesizwe sayo samaNtungwa ngaphansi kweLembe kwaZulu.

1817- 1819: INkosi uMzilikazi iba lusizo ekunqobeni iNkosi uZwide. Ngemva kwalokhu iLembe liginya zonke izizwe eziphansi kwalo lamaNdwandwe. INkosi uMzilikazi lesizwe sayo bangena ngaphansi kombuso weLembe baba ngamaZulu ngokobuzwe. ILembe liqoka iNkosi uMzilikazi ukuthi ibe ngomunye weziNduna zamabutho akwaZulu. INkosi uMzilikazi yakha umuzi wayo weNtumbane ngaseNgome.

1820s: Izimpi ezibangwa nguMfecane sezande kakhulu okwaze kwadala ukuthi kuyephephela abeSuthu abanengi ebuKhalanga kweleNdlabunondo. AbaBirwa bafika njengeziphepheli labo eNdlabunondo. Ezinye izizwe zabeSuthu seziqalile ukuhlasela amaKhalanga.

1822: AmaNtungwa kaMzilikazi ahlabana lamaZulu eLembe ngaseNgome. Impi iphetha ngokuthi iNkosi uMzilikazi iphume labalandeli bayo, asebebizwa ngamaHlabezulu, eNgome. Itshiya amaNtungwa aseNgome engaphansi kweNkosi uBheje. INkosi uMzilikazi iqala umkankaso wokuqhelisa isizwe sayo ebaSuthwini.

1825: INkosi uZwangendaba lesizwe sayo esacina sesithiwa ngamaNgoni ibhidliza isizwe sebuKhalanga ngaseNdlabunondo. Kukhothama uMambo obebusa amaKhalanga.

1825: INkosi uMzilikazi ithumba amaNdebele aseNdubazi, kubunjwa ibutho leMpangele. Lokhu kudala ukuthi ibuse indawo ephakathi kaLikhwa (Vaal) kuyethinta iNgulukudela (Limpopo). Isigodlo sayo sikoMhlahlandlela ngalapho osekuyiPitoli lamuhla.

1825: INkosi uSikhunyana kaZwide iyaphephela koGasa ngemva kokunqotshwa liLembe. Kubakhona amaNdwandwe azocela ukukhusela eNkosini uMzilikazi. UMwaka kaZwide wenziwa undlunkulu weNkosi uMzilikazi kwazalwa iNkosana uNkulumana.

1832: AmaBhunu kaNdaleka ahlabana lamaHlabezulu ngaseVegkop, okuyindawo eduze ledolobho leHebron. UNdaleka uyaziphindisela njalo unqoba amaHlabezulu. ISilo sakwaZulu uDingane kaSenzangakhona sithumela inkalakatha yempi eholwa yiNdunankulu uNdlela kaSompisi wakoNtuli ukuthi izoqeda du ngesizwe seNkosi uMzilikazi. Akuzange kwenzeka lokhu yize kusala amabutho amanengi enkundleni nxazombili. Ulaka lwamaBhunu lamaZulu lubangela ukuthi amaHlabezulu athuthele ngalapho osekuyisifunda seNorth West eNingizimu Afrika. INkosi ifika enxiweni leMoseha (Mosega) iyakha isigodlo sayo esitsha esithiwa yiMkhwahla. IMkhwahla kulapho okwazalelwa khona uLobhengula kaMzilikazi.

1835: INkosi uZwangendaba ithutha eNdlabunondo ngemva kombiko ovela kuzinhloli othi kubonakale ibutho leNkosi uMzilikazi elizohlola ilizwe. INkosi uZwangendaba iqonda empumalanga. Umlandeli wayo uNyamatana (Nyamazana) usala eNdlabunondo lamaSwazi.

1837: AmaHlabezulu athutha emhlabeni weNorth West ngenxa yolaka lwamaBhunu kaNdaleka lamaZulu kaDingane. Isizwe silungiselela ukuyohlala eNdlabunondo singamaqembu amabili, elakuqala liholwa yiNkosi uMzilikazi uqobo lwayo kuthi elinye liholwa kumalumayo iNdunankulu uGundwane (Khondwane) wakoNdiweni.

1838: Iqembu eliholwa yiNdunankulu uKhondwane lakha isigodlo seNkosi uMzilikazi esithiwa kukoGibixhegu ngaseMzingwane. Ngaleso sikhathi amaSwazi kaNyamazana asekhwele izintaba zeMatojeni eMzingwane ebalekela amaHlabezulu.

1838- 1840: Iqembu eliholwa nguGundwane lidinga iNkosi uMzilikazi leqembu eyasuka lalo eNorth West.

1840: Ngemva kombiko ovela emabuthweni abeqokwe ukudinga iNkosi othi leliyaqembu elahamba leNkosi kukahanya selabulawa lonke, iNdunankulu uGundwane igcoba uNkulumana njengeNkosi yamaHlabezulu ukuze kube lengqubekela phamabili efana lokuvula umkhosi weNxwala lokuhlela isizwe.

1840: INkosi uMzilikazi ihlangana koMbizakazibulawa lebutho elingahambisani lokugcotshwa kukaNkulumana. INkosi ithungela umuzi wakoGibixhegu ngomlilo, kubulawa abasendlunkulu kuthi amanye amalunga akhona ayacatshiswa kuze kwehle ulaka lweNkosi. UNkulumana wehliswa esihlalweni sobuKhosi uyiswa koninalume ukuze abuye esezophatha ngemva kokukhothama kukayise. INkosi ihlela isizwe sayo ngokwamukela amaSwazi kaNyamazana lamaKhalanga. Iyakha isigodlo sayo eMahlokohlokweni ngaseBubi. AmaShona labeTswana bafunga ngokubhadala ngomthelo ukhuselo ngaphansi kwamaHlabezulu. Isizwe samaHlabezulu siduma ngokuthiwa nguMthwakazi kaNdaba okanye abeThwakazi. Ilizwe lebuDlanondo liyahleleka.

1845: Impi kaNdaleka iliwa eMatobo kunqoba abeThwakazi. INduna uMbiko kaMadlenya wakoMasuku lebutho eliholayo, uZwangandaba, badla ubhedu kuleyompi. INkosi ixotshisa iNduna uMbiko ngezinkomo futhi imvumela ukuzolobola indodakazi yayo yasendlunkulu uZinkabi.

1853: AmaBhunu kaNdaleka enza isivumelwano leNkosi uMzilikazi ukuthi umngcele ohlukanisa uMthwakazi leNtilasivali (Transvaal) ngumfula iNgulukudela.

Umnyaka awaziwa: INkosi uMzilikazi ithuthela eMhlangeni ngoba inkosikazi yayo esingundlunkulu, uLoziba kaPhahlane wakoThebe (uLoziba wayengunakaLobitshi/ unakaBitshi) uhlala eMhlangeni.

1859: INkosi icabela umfundisi uMtshede (Robert Moffat) umuzi wokwakha isonto lakhe leLandani (London Missionary Society) ngaseMhlangeni. Yilo isonto lakuqala elesiKhristu ukwakhiwa eNdlabunondo.

1863: INkosi ithuthela koMhlahlandlela ngemva kokutshonelwa ngundlunkulu uLoziba.

1866: Usolwazi wamatshe uCarl Mauch usakaza ukuthi isizwe sikaMthwakazi sinothe ngamatshe aligugu, ikakhulukazi igolide. Lokhu kwenza izizwe zabeLungu ziqale umkhankaso wokuthumba umhlaba weNdlabunondo.

1868: INkosi uMzilikazi isuswa koMhlahlandlela ngoba isigula kakhulukazi, isiyiswa emzini weNqameni, duzane lakoMhlahlandlela. Akusavunyelwa ukuthi ibonwe nguzulu.

9 Mpandula 1868: Isizwe saziswa ngokukhothama kweNkosi uMzilikazi (Intaba enkulu isidilikile). Umzimba wayo ususwa eNqameni koMhlahlandlela ukuze uyechitheke.

2 Lwezi 1868: Amathambo eNkosi uMzilikazi atshalwa entabeni iNtumbane koMhlahlandlela.

Lwezi 1868- 1870: Kuzilwa ukukhothama kweNkosi. Umkhankaso wokudinga iNkosana uNkulumana usuqalile, njalo akatholakali.

22 Zibandlela 1870: INdunankulu uMncumbatha wakoKhumalo igcoba uLobhengula kaMzilikazi ubuKhosi. KuleziNduna ezinengi ezingahambisani laleso sinqumo, ziyangunguna. INduna uMbiko yiyo eba lesibindi sokugagula ukuthi uLobhengula akumelanga abe yiNkosi kungatholakalanga uNkulumana okanye amathambo akhe. Lokhu kudala uqhekeko phakathi kwesizwe lebutho leNduna uMbiko, uZwangandaba. Kuyafungelwana, kuthenjiswana ukudlana ngomdikadika.

1870: INkosi uLobhengula yakhelwa isigodlo sayo duzane lentaba iNyoka. Ibiza leso sigodlo ngoGibixhegu, ngoba ifuna ukuvusa iguma langakubo elalizinze koGibixhegu eMzingwane.

25 Nhlangula 1870: Impi yaseNgazini, okulapho okwabulawa khona iNduna uMbiko. Ibutho layo uZwangandaba liyachithwa.

1870: INkosi uLobhengula iguqula umuzi wayo uGibixhegu iwubiza ngoBulawayo ngoba ithi, “Bengingobulawayo ngilabuwelwa ubuKhosi”.

1872: INkosi uLobhengula igunyaza inkampani kaJohn Swirburne ukuthi igebhe umgodi owodwa owegolide eThathi (Tati Concession).

1881: Kwakhiwa uBulawayo omutsha ngaseMahlabathini (lamuhla kuthiwa kuseHigh Mount koBulawayo).

30 Mfumfu 1888: Kusayinwa isivumelwano iRudd Concession.

1890: Inkampani iBSAC ibumba isizwe seMashonaland British Protectorate. AmaShona amanengi adala ubudlelwano obuhle leBSAC ngokungasakhiphi umthelo eNkosini uLobhengula. Ngalindlela azidonsela amanzi ngomsele

Ebusika 1893: Yindaba yeNduna yesiShoneni uBere eyadala ukubulawa kweNduna uMgandane kaLoyiswayo wakoDodlo eNqabeni yeVitoli/Maswingo. Kudaleka impi phakathi kweMashonaland loMthwakazi.

25 Mfumfu 1893: Impi yaseQhikiza ngaphezu komfula uTshangane.

3 Lwezi 1893: Impi yakoGadadi/yaseMbembesi.

4 Lwezi 1893: UDokotela (Dr. Leander Starr Jameson) lePhayonela (Pioneer Column) bafinyelela koBulawayo, bathola umuzi weNkosi uthungelwe ngomlilo owawubaswe yiNduna uSivalo kaMveleleni wakoMahlangu. INkosi uLobhengula ayitholakali esigodlweni, umkhondo wayo ukhomba endaweni zeBubi. UDokotela uphinyela ifulegi yeBSAC kwesinye sezihlahla ngalapho osekuyiSaurestown khona, njengenkomba yokunqoba isizwe sikaMthwakazi.

Mpalakazi 1893: INkosi uLobhengula inyamalala duzane lomfula uKana ngasemangweni weLupane.

Mpalakazi 1893: UNdindikuyasa (Mtshana Khumalo) usoconga iviyo lika-Allan Wilson ebelithi lilandela iNkosi uLobhengula phetsheya kukaTshangane. AmaHlabezulu abeka phansi izikhali ‘ayavuma’ ukunqotshwa. Izikhali zamaHlabezulu ziyaqoqwa ngabeLungu ukuze kungadaleki umvukela. UMthwakazi ulunjaniswa leMashonaland ngaphansi kwelizwe eliholwa yiBSAC, elithiwa yiSouthern Rhodesia. Linkampani isebenzela umbuso weBhilithani.

20 Mbimbitho 1896: Ukuqala kwempi yeHlokelibomvu, iqala ngaseMzingwane.

21 Ncwabakazi 1896: UCecil John Rhodes ubizwa ngoMlamlankunzi kuNdaba ekhulunywa ezintabeni zeMatojeni ngaseMzingwane. Ngemva kwalokhu kuphela impi Yehlokelibomvu, abeThwakazi badliswa kakhulu imbuya ngoluthi.

1898: Kubekwa iso elibukhali (Southern Rhodesia Oder-in-Council 1898) ukuze kungaphinde kube lomunye umvukela.

1898: Kuphuma umthetho wokudala ama-rizeva (Native Reserve Order-in-Council). Umkhankaso wokuyahlalisa abaNtu ema-rizeva usuqala.

1912: UNyamande kaLobhengula usungula iNational Cultural Movement. Inhloso yalinhlanganiso yikuvuselela ubuKhosi babeThwakazi.

1914: UNyamande useLandani ngaseNgilandi lapho atshelwa khona yiPrivy Council ukuthi umbuso wamaHlabezulu angeke wavuselelwa ngoba waqedwe, ngokwehlulwa (Rule by Conquest) yiBhilithani eyabeka umbuso ophucukileyo.

1918: Inkantolo ikubeka kucace bha ukuthi iSouthern Rhodesia ingaphansi kombuso weBhilithani (Imperial government) njalo iBSAC isalokhu iyisisebenzi sayo kwezokubusa iSouthern Rhodesia.

1918-1919: Yisikhathi seMfazo ebizwa ngeFuleza (Influenza).

1923: ISouthern Rhodesia ayisaholwa yiBSAC kodwa ibeka uhulumende wezakhamizi zayo zabeLungu. Lokhu akutsho ukuthi isiphume ngaphansi kobuholi beBhilithani ngoba uhulumende wayo omutsha uzabe ebika eBhilithani. UMthwkazi uzithola esebuswa yilowo hulumende obizwa nge-self responsible government.

1926: AbaNtwana bakaNjube kaLobhengula, uRhodes Lobhengula lo-Albert basungula iqembu iLions F.C (lamuhla lithiwa yiHighlanders F.C) beloNsele wakoHlabangana.

1929: Kusungulwa inhlangano iMatebele Cultural Society, ejonge ukuvuselela ubuKhosi bamaHlabezulu.

1930: Kuphuma umthetho wokwabelana umhlaba phakathi kwabeLungu labaNtu (Land Apportionment Act of 1930). Lumthetho ukubeka mgceke ukuthi umhlaba omuhle futhi omkhulu ngowabeLungu kuthi lowo ongavundanga ngowabaNtu.

1947: UMthwakazi uhlaselwa yisomiso (Indlala ka-47).

1951: Kubekwa umthetho wokuvumela abaNtu bathenge ama-plot (Land Husbandry Act of 1951).

1953: UMthwakazi uwela ngaphansi kweFederation (Federation of Rhodesia and Nyasaland).

Lwezi 1965: UMthwakazi ubekwa ngaphansi kweRhodesia ngemva kwenkulumo echaza ukuzimela kweRhodesia ingasalawulwa yiBhilithani (Unilateral Declaration of Independence)

1965: Kubekwa umthetho onciphisa amathuba wokuthi abaNtu bathenge umhlaba. Lowo mthetho uthi umhlaba wabaNtu kumele ubengaphansi kwama-trustees (Tribal Trust Land Act of 1965). Lumthetho udala ubandlulo kwezinye zezinhlanga zikaMthwakazi, ngoba indawo ethile sekuthiwa kumele ibe lama-trustees awohlanga olunje.

1979: UMThwakazi usengaphansi kweRhodesia-Zimbabwe.

18 Mabasa 1980: UMthwakazi ungeniswa ngaphansi kweZimbabwe.

1983-87: UMthwakazi wehlelwa yiMfazo ethiwa yiGukurahundi .

6 Lwezi 1997: Ngumhlangano ose-Amakhosi Cultural Village koBulawayo. IziNduna ezine (uSivalo Mahlangu, uSiphoso Dlodlo, uDouglas Mkhwananzi loNyangazonke Ndiweni) zicela abakoKhumalo babakhombise umNtwana okumele aphathe ubuKhosi babeThwakazi. AbakoKhumalo bathi basayodinga ukuthi ngubani okumele aphathe intonga yobuKhosi.

1998: Kuvuswa inxiwa uBulawayo wakuqala owayeyakhelwe eduze lentaba iNyoka (Old Bulawayo) njengomzamo wokulondoloza imbali yabeThwakazi. Sekwakhiwe amaqhugwana (amaqhugwana yizindlu lezi ezakhiwe ngokwesiNguni).

9 Mpandula 1999: Inhlangano i MCA (Mzilikazi Cultural Association) ezinze eGoli Ihlangana LamaKhumalo kanye Lezinduna emzini waseMakhokhoba koBulawayo ukuyonxenxa Lokucela ukuthI kube Losuku esizweni lokukhumbula ukukhothama kwenkosi uMzilikazi.

9 Mpandula 2000: Umnyaka wokusungula umgubho weNkosi uMzilikazi ngaseMhlahlandlela eMatobo.

Mpandula 2010: Kubhebhetheka umlilo ofika utshise amaqhugwana ayakhwe koBulawayo wakuqala.

22 Mbimbitho 2014: izinhlangano zikazulu ozinze eGoli zaphakamisa umuNtu ozokuba ngumholi wesizwe sikaMthwakazi ngokwamasiko eSouth Africa.

6 Mpandula 2015: Ngumkhosi weNkosi uMzilikazi koMhlahlandlela. Isikhulumi sakoKhumalo, uBruce, sithembisa uzulu ukuthi abakoKhumalo sebefika emaphethelweni wokukhomba umNtwana okumele agcotshwe ubuKhosi. Nxa eqhubeka uBruce uthi kumkhosi ofanayo ngomnyaka ozayo (lumkhosi umhlaka 10 Mpandula 2016) abakoKhumalo bazotshela uzulu ukuthi intonga yobuKhosi iwela kubani. Lakanjani sobe silapho, ukutshelwa yikuncitshwa.